

Story Study Facilitator Resource Pack: Swimmy

Imiyalelo kaThisha: zifundele lezigaba ezilandelayo ngaphambili kokuba nenkulumo ngemibuzo nabantwana. Lokhu kuzokusiza ukuthi imibuzo uyibuze ngokuzethemba, nokuthi lemibuzo uyisebenzise njengamathuluzi okusiza abantwana bathole ukuthi kwenzekalani endabeni nokuthi iziphi izifundo abangazithola kuyona. Ngokubuza imibuzo nokuthi abantwana baqhamuke nezimpendulo, ukufunda kwabo kuzobamnandi futhi kube yimpumelelo ngaphezulu kokuthi uvele ubanike zonke izimpendulo. Uma beba nobunzima ekutholeni izimpendulo, sebenzisa lezi zigaba ezilandelayo ukubasiza bagxile endleleni efanele.

Ukufingqwa kwendaba

UNhlanzi umayelana nokuvumelana nesimo nokufunda ukusebenzisana. Kulendaba abantwana bazofunda ukubhekana nokulahlekelwa, umzwangedwa, ukwesaba, nokubaluleka kokucabanga ngendlela ehlukile kanye nokusebenzisana njengoba belandela uNhlanzi ohambweni lakhe lokuzijabulisa ngaphansi kolwandle!

Okuqukethwe

- Funda indaba
- Imibuzo ngxoxo
- Umsebenzi wokufunda 1: Yakha izitembu zakho zikaNhlanzi
- Umsebenzi wokufunda 2: Zama ukwenza amaqophelo ngopende!
- Umsebenzi wokufunda 3: Yakha eyakho i-anemone
- Umsebenzi wokufunda 4: Inhlanzi ekujeke
- Umsebenzi wokufunda 5: Yenza umdlalo kaNhlanzi

Funda indaba

Ngaphambi kokufunda indaba cela abantwana babheke ingaphandle lencwadi, funda amazwibela ngemuva kwencwadi bese ucela abantwana bacabange ukuthi UNhlanzi unjani. Babuze ukuthi uma becabanga indaba ingani. Nanka amathiphu angakusiza ukukuhola ngaphambi, phakathi nangemuva kokufunda indaba

- Banike isikhathi esanele ukusho abakucabangayo nabakuzwayo.
- Funda kancane, ucele abantwana ukuthi balalele ukulandelana kwezigameko zendaba namagama avumelanayo.
- Chitha isikhathi kwikhasi ngalinye bese uyachaza ukuthi kwenzekani.
- Buza imibuzo ngokwenzekayo esithombeni ngasinye.
- Uma usuqedile ukufunda, buza abantwana ukuthi indaba ibingani nokuthi uNhlanzi uhlangane nobani endleleni.
- Buza eminye yalemibuzo engezansi (buza imibuzo efanele kubantwana onabo).
- Qiniseka ukuthi wonke umuntu uthola ithuba lokubuza nokuphendula imibuzo. Ungavumeli abantwana asebekhulile laba abazethembayo, abanomlando baphendule bonke.

Imibuzo ngxoxo nezihloko

Imibuzo yokuqondisisa ongayibuza abantwana- Lemibuzo yakhelwe ukubona ukuthi abantwana bayiqondile yin indaba:

- Ingabe uNhlanzi ukudlulisa kanjani ukufa komndeni wakhe? Yini egqugquzela ukuthi aphinde ayohlola?
- Kungani uNhlanzi ecabanga ukuthi kubalulekile ukuthi inhlanzi ebomvu iphume ibone umhlaba.

Story Study Facilitator Resource Pack: Swimmy

- Inhlanzi enkulu yawudlelani umndeni kaNhlazi? (waye “lambe kakhulu”)
- UNhlanzi uyixazulula kanjani inkinga yeNhlanzi enkulu ezama ukumudla?

?

Imibuzo ngxoxo ongayibuza abantwana – Lemibuzo yakhelwe ukusiza abantwana bacabange bucayi noma ngokwehlukile ngendaba bese beqhamuka nawabo amacebo nemibono:

- Kubaluleke ngani ukusebenzisana? Kubaluleke ngani ukusebenza njengeqembu?
- Uma ucabanga uNhlanzi angazizwa kanjani ngenhlanzi enkulu? Uma ucabanga angadinwa, angaphatheka kabi, njll?
- Uma ucabanga uNhlanzi kanye nezinye izinhlanzi ezincane badlani uma belambile?
- Eziphi izinto ezihehayo uNhlanzi ahlangani nazo olwandle? Uke uzibone izinto ezinje wena empilweni yakho?
- Kungani kusabeka ukuba wedwa? Kungani ukuba wedwa kwesinye isikhathi kukwenza uphatheke kabi? Ingabe uNhlanzi uyazidinga ezinye izinhlanzi ukuze ajabule? Kungani? (ujabulile uma eyedwa kodwa ujabule kakhulu uma enqembu).
- Uma ucabanga yin indaba uNhlanzi agcina ephindele olwandle emva kokufa komndeni wakhe?
 - **Sicabanga ukuthi:** Wazizwa kufanele aphinde, wayengasenalutho olusele emuva, ngakho wahamba wayofuna impilo entsha. Kungenzeka futhi ukuthi kwamsiza ukubhekana nobuhlungu bokulahlekelwa umndeni wakhe.
- Uma wena wawunguNhlanzi, futhi umndeni wakho wadliwa, wawuzokwenzenjani? Wawuzozizwa kanjani?
- UNhlanzi ngokusebenzisana nabangani bakhe basebenzela ukuba bakhulu kunenhlanzi enkulu esabekayo, ingabe lokhu kusho ukuthi baphephile ngempela? Ingabe i-tuna iyona nhlanzi enkulu olwandle? Oshaka bona? Ingabe zikhona ezinye izinhlobo zabahlaseli (predator) abakhulu olwandle? Izinhlengethwa zona? Zidla ini izinhlengethwa?
 - Uma ucabanga uNhlanzi nabangani bakhe kufanele bazame noma ngabe kukhona izinhlanzi ezinkulu?
- Ingabe ukuhlakanipha kuzenza kanjani izinto zibe ngcono kuNhlanzi? Imiphi imikomelo yokuhlakanipha, nokukwazi ukucabanga ngokushesha?
- Kungani kubalulekile ukucabanga bucayi ngomhlaba okuzungezile? Qhathanisa uNhlanzi nalezi ezinye izinhlanzi ezihlezi zicabanga ngokwesaba ukwazi ngenhlanzi enkulu.
 - **Sicabanga ukuthi:** ukucabanga bucayi kusiza ukuthi wenze ngendlela efanele nakunoma isiphi isimo. Ukuhlala usaba, kwesinye isikhathi kukufundisa ukuthi wenze ngendlela ethize noma ngabe isimo sinjan. UNhlanzi lo owayengasabi wakwazi ukuqhamuka nesu, ezinye izinhlanzi ezazingeke zikwazi ukuqhamuka nalo, ngoba ukwesaba akukuniki amasu njengokucabanga.
- Ukwazi kukaNhlanzi ngezinye izinto ezisolwandle kwamugqunguzela kanjani ukuthi aqhamuke nesisombululo salezi ezinye izinhlanzi? Kungani lokhu kwamenza wangafuni ukuhlala emuva kwentshe, njengenhlanzi ebomvu?

Umsebenzi 1: Yakha amaqaphelo akho kaNhlanzi

- **Ozokudinga:**
 - Ukhali bhodi oqinile (ukhali bhodi oba nama layer mabili)
 - Ipeni lomsizi (pencils)
 - isikelo
 - iphepha elikhulu
 - upende (obomvu nomnyama)



Story Study Facilitator Resource Pack: Swimmy

umsebenzi: Ngaphambi kokuba uqale, yenza iqophelo eliyisibonelo ukukhombisa abantwana ngaphambi kokuba baqale. Funda imiyalelo ngezansi. Uma sewenza isibonela zama ukucabanga izingqinamba abantwana abangahlangabezana nazo.

Ngaphambi kokuba uqale lomsebenzi vula ikhasi lokugcina lencwadi uNhlanzi, bese ubhekisisa iqembu lezinhlazi ezikendatsheni. Bheka izimo ezinkulu zombili ziyahambisana. Nezimo zezinhlazi ezincane ezihamba ngazodwana. Buza abantwana: manicabanga umdwebi (Leo Lionni) usakhe kanjani lesi sithombe? Impendulo: **izitembu.**


Ngesikhathi u-Lionni ebuzwa ukuthi wayakha kanjani imidwebi yalencwadi wathe “uNhlanzi nenhlazi encane ebomvu bebeyizitembu zerabha”. Bhekisisa isithombe ngasinye zezinhlazi ezibomvu, bonke bayafana, kodwa abafani ncamashi. Abanye banomubala ogqamile, abanye banezikhala noma amacashazi. Bachazele abantwana ukuthi lokhu kungumphumela wezitembu eziphindaphindiwe lapho kufanele ngabe zonke izimo ziyafana kodwa u-inki uphuma ungafani. Lokhu kuba nomphumela wesithombe esihlukile futhi esihhayo. **Manje abantwana bazothola elabo ithuba lokuzenzela isitembu sikaNhlanzi.**

➤ **Yakha ezakho izitembu zikaNhlanzi**

- Nikeza abantwana izingcezu zikakhalibhodi (buka isithombe sokuqala). Bachazele ukuthi umuntu ngamunye uzokwenza izitembu zika Lionni ngendlela yakhe. **Uma unaso isibonelo siphakamise abantwana basibone.** abantwana ababhekisisa isimo senhlazi esisendatsheni. Unaziphi izingxenye? (umsila, izimpiko zenhlazi, umlomo nokunye).

Abantwana bangasebenzisa amapeni omsizi ukudweba izinhlazi kukhalibhodi (**isithombe 2**). Abantwana bese besika isimo senhlazi ngesikelo (**isithombe 3**)

- **Qaphela:** izinhlazi zabantwana azizufana ncamashi, zizohluka kancane. Lokho kulungile. Kodwa yenza isiqiniseko ukuthi akekho umntwana owenza inhlazi yakhe ibe nkulu kakhulu (ezothatha indawo enkulu) noma ibe ncane kakhulu (kuzobanzima ukuzisika).
- Uma sezisikwe zonke izinhlazi, **khombisa abantwana ukuhlukanisa ama-layer ngokucophelela (isithombe 4)**. Uma sebehlukanisile kuzobanika izimo ezifanayo ezimbili zenhlazi, esisodwa



Story Study Facilitator Resource Pack: Swimmy

sizobe siyisicaba esinye sinemigqa emagingcingci, uma kwenzeka umntwana eyidabula inhlanzi yakhe munike ithuba lokuqala phansi ngokushesha.

- Ngaphambi kokuba nenze izitembu, buza abantwana ukuthi bacabangani ngezitembu zabo zombili. Ingabe zizokhipha izimo ezifanayo noma ezehlukile? *Ingabe zizoshelela ngokufana noma ngokwehlukile? Uma ucabanga zizohluka kanjani lezi zinhlanzi?*
- Manje abantwana bazosebenzisa izitembu zabo ukuhlola ukushelela okuhlukene. Bazokwenza lokhu ngokuthi bafake upende kwizitembu zabo (**isithombe 5**) bese besibeka ephepheni (**isithombe 6**).
 - **Qaphela:** Uma abantwana sebekhulile ungabanika amaphepha nopende kanye kanye kodwa uma bebancane umntwana uzofaka ngayedwa ukuze upende ungamosheki. **Nikeza abantwana isikhathi sokuzama babone izitembu ezahlukene.** Abazame ukwenza lesi sitembu esimagingcingci kane nalesi esiyisibaca bese beyaziqhathanisa. Noma bazame amacala womabili isitembu ngasinye ukuze babone ukuthi esiphi abasithandayo (lokhu kungenza kungcole kakhulu). Kwenzekani uma usebenzisa upende omningi noma omncane? **Gqugquzela abantwana ukuthi baxoxisane ngomsebenzi ngesikhathi bewenza.**

➤ Yakha elakho iqembu lezinhlanzi.

- Uma abantwana sebejwayele ukusebenzisa izitembu zabo (ngaphambi kokuthi zimante nenxa yokusebenza kakhulu), abantwana bonke njengeqembu abakhe esabo isikole sika Nhlanzi.
 - **qaphela:** lokhu kudinga iphepha elikhulu eliqinile ukuthi likwazi ukuba nopende omningi. Uma ninamaphepha amancane umntwana ngamunye angazakhela iqenjana esincane noma bafake izitembu zezinhlanzi kwi phephandaba).
- Dweba simo senhlanzi ukwenza iqembu lezinhlanzi ephepheni lakho bese uvumela abantwana beze ngamunye ukuzokwenza amaqophelo abawathandayo ukugcwalisa. Abantwana bonke abasebenzise umbala owodwa (obomvu uma ufuna kufane nencwadi). Izitembu zingagibelana uma isikhala sisincane, untwana angenza izitembu ezingaphezulu kwesisodwa uma iphepha lilikhulu, qinisekisa ukuthi uyasishiya isikhala sikaNhlanzi.
- Uma zonke izinhlanzi ezimbomvu sezifakiwe, sebenzisa izitembu zakho kanye nopende omnyama ukwenza uNhlanzi wakho, la kufanele kubenehlo khona (bheka isithombe).



Story Study Facilitator Resource Pack: Swimmy

- Uma iqembu lapho lezinhlazi seliphelele, qedela lomsebenzi ngenkulumo ngxoxo. Phinda ufunde amagama akulekhasi encwadini. **“wabafundisa ukuthi babhukude besondelene, wonke umuntu abe sendaweni yakhe, uma senifundila ukubhukuda njengenhlanzi enkulukazi, wathi mina ngizoba ihlo.”**

➤ **Buza abantwana:**

- Ingabe yini abayifundile encwadini ngokwenza lomsebenzi
- Ingabe wena nabangane bakho “nibhukuda kanjani ndawonye”? ingabe yini eniyenza ndawonye enenza nibumbane njengoNhlazi kanye nezinhlazi ezibhukuda naye?
- Ngokusebenzisana izinhlanzi zingakwazi ukusabisa inhlanzi enkulu kunazo. Ingabe ukusebenzisana kunganisiza ukuze ini?
- Cabanga izitembu zezinhlanzi. Bonke bayisimo esisodwa kodwa babukeka ngokwehlukile. Ingabe lokhu kungambisana kanjani nani njengeqembu lezingane? Ingabe nonke niyafana? Noma nehluke? Ingabe kusiza ngani ukuhluka kwabanye? Kukusiza/ kukuvimba kanjani ukusebenzisana ndawonye?

Umsebenzi 2: Zama ukwenza amaqophelo ngopende!

➤ **Ozokudinga:**

- Iphepha
- Upende
- Ingxubevange yezinto (ozofika nazo noma abantwana bazithole kwimvelo)

Umsebenzi:

- Vumela abantwana ukuthi babheke/bafunde umsebenzi wobuciko okhona kuNhlazi. Ungabheki kuphela izilwane zasolwandle, kodwa nezitshalo, amatshe, amanzi nakho konke okwenza izwe langaphansi kolwandle. Cela abantwana bachaze izinto abazibonayo besebenzisa noma imaphi amagama. Abachaze ukushelela, amaphethini kanye nemibala njalo njall. Buza ukuthi: *ingabe umdwebi uzakhe kanjani lezi zithombe?*
 - **Qaphela:** ULionni usebenzisa onodoli bezingubo ukwenza izitshalo, wabhoza ngopende wabese ecindezela ephepheni ukwenza ukulandelana okuyindida.
- Bhokisisa leli khasi elithi “ihlathi lokhula elikhula ematsheni” ungalichaza kanjani lehlathi lokhula lasolwandle? Ucabanga ukuthi lolukhula lasolwandle lwakhiwa kanjani? Nge-brush lokupenda elijwayelekile noma kokunye okuhlukile?
- Chazela abantwana ukuthi uLionni wapenda ngezinto ezehlukene ukwenza lama phethini nokushibilika okungafani akuwona nje amabrush okupenda kuphela. usebenzise ingilazi, iphepha, izitembu, indwangu kanye nama-doilies nokunye. Konke lokhu kuyahlangana ukwenza umhlaba omuhle ka Nhlazi. Nabantwana bazothola ithuba lokuzihlelela lolu hlobo lokupenda.
- Nikeza umntwana ngamunye izingcezu zamaphepha.
 - **Ungakwenza nabantwana abadala uma bekhona:** abantwana abaligoqe iphepha esiphakathini, phinda futhi okwesibili nokwesithathu iphepha elilodwa. Uma usulivula iphepha kufanele lihluke kayi-8. Chazela abantwana ukuthi zonke izikhala bazozigcwalisa ngopende onokushelela okwehlukene besebenzisa izinto ezahlukene abazithandayo.

Story Study Facilitator Resource Pack: Swimmy

- Okokuqala yenzela abantwana isibonelo, abantwana abalandele isibonelo sakho kwisikwele sokuqala. Sebenzisa iphepha njenge-brush lokupenda. Khipha amaphepha abe maningi abantwana basikelane wonke umuntu abe nephepha. Sebenzisa iphepha lakho njengesibonelo lifohloze libe ibhola. Bese uyaliqaqa liphakamise abantwana balibone. Lishitshe kanjani iphepha? (kufanele libe nokushibilika okwehlukene manje).
- Phindaphinda ukuhlofoza iphepha kabili bese uyaliqaqa manje kufanele liselele ngezindlela ezahlukeni. Sebenzisa upende, khetha ingxenye yephepha lakho lokuqala bese usebenzisa iphepha elifohloziwe njenge-brush lokupenda. Ungalincindezela libe njengesitembu noma ulisebenzise liyibhola ubrashe unqenqema okungaqondile ephepheni.
 - **Qaphela:** qinisekisa kulokhu ukuthi awusebenzisi upende omningi ngoba kuzodala iphepha libe manzi kakhulu bese iphethini yephepha ingabonakali.
- Manje abantwana bazohlola izinto ezibazungezile ukuze bezokwazi ukuthola ezinye izinto abangazisebenzisa ukwenza izitembu zabo nokuthola izinto ezishelelayo ngokwehlukene. Nawe njengomsizi wabo ungabaphathela ezinye abangazisebenzisa, kodwa ukukhulisa ubuhlakani babo nokuthanda ukuhlola izinto **bagqugquzele ukuthi bazifunele bona izinto abangisebenzisa ezintweni ezibazungezile.** Kungaba amaqabunga, izinti, intambo (wool), upulasitiki, iphepha laswidi, elamashibus, isikhwama, njll. Zama ukungabakaleli abantwana (isidingo singekho)-badelele babheke ngendlela abathanda ngayo.
- Siza abantwana bakho ngokupenda uma seniqedile ukuqoqa izinto enizozisebenzisa. Uma kukhona iqophelo elingaphumi kahle bagqugquzele ukuthi bazame amany amaqaphelo, mhlampe kufanele bafake upende omningi noma omncane.
- Uma abantwana sebeqedile ukupenda bagqugquzele ukubheka imisebenzi yabanye, abathole amaphethini abawathandayo, baqagele uhlobo lezinto ezisetshenzisiwe.
- Uma seniqede lomsebenzi xoxa nabantwa ngalokhu okulandelayo:
 - Uhlobo lwezinto abazitholile, nokuthi bazithole kuphi.
 - Ubunzima abahlangabezane nabo ukwenza lamaqophelo ngalezinto abazitholile
 - Imiphumela ehlukeni abayitholile: eyiphi abayithandile, eyiphi abengenxa ngcono kuyona, njall.

Umsebenzi 3: Yakha i-anemone yakho

- **Ozokudinga:**
 - Igobhozi lethishu
 - Upende nebhulashi lokupenda
 - imakha
 - Isikelo

Umsebenzi: Ngaphambi kokuba uhole abantwana ukwenza lomsebenzi, yakha isibonelo usebenzisa imiyalelo engezansi.

Uma usuqedile ukwakha esakho isibonelo usukulungele ukwenza lomsebenzi, Chazela abantwana ukuthi kulesi sifundo bazobe bakha isakhiwo esisuselwa ezilwaneni ezihlala olwandle: **Sea anemone.** Bazothola ithuba lokwakha, bapende baphinde baqambe i-anemone yabo bayithathe baye nayo ekhaya. **Phakamisa isapmula yakho bayibone.**



Story Study Facilitator Resource Pack: Swimmy

- Nikezela nge-roll yethishu kanye nezinto zokupenda. Chaza ukuthi bonke kuzomele bepende ama-roll amathishu abo noma ingamuphi umbala kanye nephethini abayithandayo, ngoba ama-anemones asolwandle anemibala eyahlukahlukene. Bagqugquzele ukukhombisa ikhono labo lobuciko! Zama amacashazi, imigqa, amaphethini, imibala exubile, njall.
- Kodwa, uma ingane/izingane zithanda ukuyenza kube eyazo kakhulu, bagqugquzele ukufaka amehlo (bheka esithombeni esiseceleni). Lokhu kungapendwa nakho, noma abantwana bangasika izindilinga ezincane ephepheni elimhlophe bese bezinamathisele kupende.
- Uma bonke abantwana sebeqedile ukupenda ama-anemones abo, mababeke ama-roll ethishu emnyango ukuqinisekisa ukuthi ayoma. Kubalulekile ukuyomisa ngaphambi kwesigaba esilandelayo, ngoba upende owomile ungalimaza isikelo.
- Uma i-rol yethishu seyomile, nikeza abantwana izikelo. Mabathathe ama-anemones abo appendiwe bese bekhetha isinqa esisodwa seroli yethishu ukuze libe ingaphezulu (uma bewakhile amehlo, qinisekisa ukuthi okungaphezulu ilapho kukhona khona amehlo.) thatha olunye uhlangothi bese usebenzisa isikelo ukusika imigqa emifishane engaba ngangohhafu we-roll. Emva kwalokho, phinda phinda lokhu kuze kuphelele, kubukeke. Lokhu kuzokwenza ama-tentacles e-anemone. **Qaphela:** Qinisekisa ukuthi imigqa yakho **iqondile nokuthi ayihlangani**, noma kuzomele usike omunye ukhalibhothi noma i-anemone yakho izolahlekelwa ama-tentacle!
- Manje, abantwana bangasebenzisa izandla zabo ukugobisa nokwandisa amatentacles ahlukile, njengasesithombeni. Lokhu kuzonikeza ama-anemone abo abukeke emanagingcingci, sengathi angaphansi kolwandle!
- Uma onke ama-anemone eseqediwe, abantwana bangenza ama-anemones abo njengesilwane abasifuyile, basiqambe **igama** bese belenza esabo. Ngakho-ke, ama-anemone angakhulumisana, abuzane imibuzo efana nokuthi: uqhamuka kweyiphi ingxenye yolwandle? Iziphi ezinye izilwane oke uzobone kwingxenye ohlala kuyona? *Wake wawubona ifishi omncane omnyama? Ufishi omkhulu obomvu oneso elimnyama?*



Umsebenzi 5: Inhlanzi ekujeke

- **Ozokudinga:** Ipuleti lephepha
- Upende onemibala egqamile (ophuzi, orentshi, oluhlaza satshani, oluhlaza sasibhakabhaka)
- Ibhulashi lokupenda
- Amaphepha amabili
- Ipeni lomsizi
- isikelo

Umsebenzi: Buza abantwana ukuthi bacabanga ukuthi i-aquarium ibukeka kanjani? Siyisebenzisela ini? Yini ehlala kuyona? Yini efanele ibe kuyona? Ngobani? Bese ukhombisa abantwana isithombe senhlanzi ikujeke bese



Figure 1 Fish in a Jar sample

Story Study Facilitator Resource Pack: Swimmy

ubacela bayenze. Nikeza abantwana izinsiza kusebenza bese ubanabo kuzona zonke izigaba baze baqede. Isampula yenhlanzi ekujeke.

Umsebenzi 5: Yenza umdlalo kaNhlanzi

**** Qaphela: lomsebenzi wenzeka kahle uma kukhona abantwana abaningana.**

➤ **Ozokudinga:**

- Ukhalibhodi (ucezu olukhulu)
- Upende
- Isikelo
- Izinto zokukhrayona
- Iphepha

Umsebenzi:

Lomsebenzi wakhelwe ukusiza abantwana baqondise kancono indaba ka *Nhlanzi*, nokuthi bakhuphule ukuzithemba ngokuyilingisa esiteji. Emvakokuthi seniyifundile incwadi naphinda nafunda nangokuhlukahlukana kwezilwane ezikhona, chazela abantwana ukuthi bazokwenza umbukiso ngo*Nhlanzi*. Bangayilingisa phambi komndeni wabo, omakhelwane abakhelene nabo okanye izibukeli zonodoli bezilwane.

➤ **Khetha ozokusebenzisa kanye nabalingisi:**

- phindani nibuyekeze incwadi njenge qembu, bese niyakhetha ukuthi eziphi izinto enizosebenzisa kanye nabalingisi enizobalingisa bese nenza umdlalo. Okungenani yiba nalokhu okulandelayo kubalingisi bakho:
 - UNhlanzi
 - Inhlanzi enkulu(Tuna)
 - Inhlanzi ebomnvu (nabanye abaningi abancane okanye umuntu oyedwa ozolingisa njengabo bonke)
 - Izilwane uSwimmy azitholayo (kumaqiniso enhlanzi ngenhla)
- **QAPHELA:** Kulengxenywe, ungakhetha abalingiswa abambalwa ukuze uSwimmy ezobhukuda adlule eduze kwabo. Awudingi ukubasebenzisa bonke ngaphandle uma ufisa bonke abantwana balingise. Konke kulungile, uma senihlaziya umbhalo wenu, nizebenzisa izilwane enizakhele zona. **Uma umntwana eyedwa, ezinye izilwane ungazenza izinsiza kulingisa.**
- Umntwana angazicabangela ubuhle bendawo okanye ingemuva ukuze kuzosiza umdlalo uqondakale. Lokhu kungaba izitshalo zasolwandle, izinhlazi zibhukuda, noma ulwandle lomhlobiso.

➤ **Ukwenza izinsiza Kanye nabalingisi.**

- Usebenzisa izingcezu ezinkulu zika khadibhothi, upende, kanye nokokuhlobisa. Qinisekisa ukuthi izithombe zakho ziba zinkulu ukuze: 1. Izibukeli zizokwazi ukubona. 2.umntwana onamahloni akwazi ukuma emva kwesithombe aze akwazi ukuzithemba ekutheni aveze ubuso bakhe.
- **Tolika umdlalo. Lokhu ungakwenza nomntwana ongasikhulumi isingisi njengolimi lwebele.**
- Ukwenza umdlalo ufinyelele kubabukeli, **ongakwenza ukutolika umdlalo usukela esingisini ube ulimi olukhulunywa umntwana.** Lokhu angeke kube lula, njengoba lonke ulimi lizichaza ngendlela ehlukile. Isibonelo (njenge gama elithi “Swimmy”, alikho igama elichaza uSwimmy),

Story Study Facilitator Resource Pack: Swimmy

ngakho –ke alitolikwa. Lokhu ungakwenza uma abantwana betshengisa ukukwazi ukuyenza, bangaqhubeka nomdlalo bewenza ngesingisi.

- Njenge qembu qhamukani nezincazelo, nikuxoxe ndawonye. Buza kubantwana ukuthi ningayitolika kanjani, bese niyabheka ukuthi ikhona enye indlela yokutolika engolimi lwakho. Kwesinye isikhathi **akubi incazelo eqondile** kodwa **kuyaye kube umyalezo oqukethwe amagama amaningana**. Zama ukulula ingxoxo yenu, nikhulume ngobunzima bokutolika, nesizathu sokuthi nikwenze. (ukudlulisa imibono kubabukeli, Njll.)
- Kungumqondo omuhle uma abantwana abadala kuyibona abenza umdlalo phambi kwabantwana abancane. Lokhu akuzukwenza abantwana baqonde kangcono kuphela kodwa bazogququzeleka ukukhuluma nokuxoxa izindaba ngendlela ewumdlalo besebenzisa ulimi lwabo.

➤ **Khetha umlandisi.**

- Umlandisi nguyena ozobe efunda amagama endaba ndawonye nabalingisi belingisa. Kungaba nguwe umzali okanye noma omuphi umntwana ozokhuluma kakhulu ngokuzethemba ngolimi enilukhethile ukulingisa ngalo.
- **Qaphela:** Umlandisi kufanele afunde incwadi ngendlela ebhalwe ngayo ngaphandle uma itolikiwe noma makukhona amakhasi akhishiwe (bheka uhla labalingisi ngaphezulu).
- Ngaphambi kokuba nenze umdlalo qalani niwenze nodwa. Yenzani ikhasi ngalinye nomlandisi efunda ephimisela amagama nabalingisi benza okuhambisanayo namagama. **Bhekisisa isikhathi-umlandisi kungenzeka adinge ukuma phakathi namakhasi alinde abalingisi baqede**. Vumela abantwana abehlukene bazame izindima ezahlukenene.
- Njengeqembu vumelanani ngabalingisi abakahle kakhulu uma ubahlanganisa ukuthi kube yibona abethula umdlalo, noma nibe nabalingisi abaningana abehlukene babantwana abazothulelana bodwa umdlalo. Ngumani ukwenza okuhambisana nesikhathi ukuze nikwazi ukudlulisa indaba kamlandisi. Isibonelo, **eyiphi indlela efanele yokwenza inhlanzi enkulu le eyakhiwe uNhlanzi nabangani bakhe? Ukwenza ukhalibhodi omkhulu obanjwe umntwana oyedwa noma abancane abaningi abanjwe abantwana bese bema ndawonye basondelane?** Qinisekani ukuthi niyavumelana njengeqembu ukuthi eyiphi indlela elungile yokudlulisa indaba. Bese nilungela ukwethula!

➤ **Yenzani umdlalo wenu!**

- Manje isikhathi sokuhlenganisa izinsiza, abalingisi, umlandisi, nesikhathi bese niyenza. Qoqa izibukeli zakho, yenza inkundla, zikholise!

Thanda is a non profit organisation based in rural Mtwalume, KwaZulu Natal South Africa. Our curriculum is made up of activities that we have developed over 12 years. The ideas and inspiration for our activities come from is a wonderful combination of educators, books, websites, YouTubers, and other places and people on the internet. We are very grateful for all of them. Where we use ideas or activities directly from a source, we always endeavour to give credit to the creator. We do not endeavour to profit from these story studies, we only wish to add value to the lives of people we may have the opportunity of crossing paths with.
